ISANDLA ESILOBA ODONGENI

Manje, kulobubusuku ngimemezelile, ukuthi bengizokhuluma ngomlayezo weVangeli, kulobubusuku, othi *Isandla Esiloba Odongeni.* Futhi uNkulunkulu ethanda, ngizakukwenza lokho, ngosizo lukaMoya oNgcwele. Bese kuthi-ke, kusasa ebusuku, uma iNkosi ithanda, ngifisa ukukhuluma ngokuthi, *Ngabe IBandla Liyohamba Ngaphambi Kwesikhathi SokuHlupheka, Noma Liyosala Futhi Ledlule Esikhathini SokuHlupheka Na?* Futhi manje, leyo yindaba ebaluleke kakhulu, ngakho asiphume kusasa ebusuku. Futhi isizathu ngiphendukela kulezizintshumayelo zeVangeli, esikhundleni sokuphulukiswa kwabagulayo, yonke into phakathi lapha ikhulekelwe. Ngakho yi (Niyabo?), yisixuku esifanayo nje sonke—sonke isikhathi. Sedlulile kubo bonke. Sebevele bakhulekelwe, futhi amapesente angamashumi ayisishiyagalolunye abo, sebevele baphulukisiwe. Ngakho . . .

2 Ngobunye ubusuku, uma kungenzeka kube nesihambi esisodwa, sibe nento exhuxhumisa kakhulu engibe nayo eminyakeni eminingi: ngokwehla komuntu siqu kukaMoya oNgcwele, njengoba nje Wenza eBhayibhelini. Khona lapha, umsindo njengomdumo, ubhonga, uphuma emazulwini. NoMoya weNkosi uza udabula esakhiweni, njengomoya ongabonwayo, obuzamazama, futhi ukuthatha, abantu, lapho Wedlula. Abaningi babo phakathi lapha basangofakazi. Bangaki ophakathi lapha, obengufakazi waWo na? Ake sibone izandla zenu. Niyabo. Ngayo impela nje indlela Owenza ngayo ngosuku lwePhentekoste. Futhi bekhuleka nje, besesemkhulekweni, kungekho madlingozi, noma—noma phandle, begijima, futhi njengoba benza ngosuku lwePhentekoste. Kodwa uMoya oNgcwele ofanayo wangena njengokuvunguza komoya onamandla, ngokubhonga engicabangile, kuqala, ngenkathi Ufika, ukuthi Ubuyibhanoyi elehlele esakhiweni. Futhi uDkt. Lee Vayle, lapha, ubecabanga ukuthi Ubuyi . . . kwezwakala njengokuhlehla komoya kwi-ogani yepayipi, futhi waqalaza kwi-ogani, futhi yi-ogani kagesi. Niyabo? Khona-ke wezwa ukuthi Ubuvela ngaphezulu. Futhi wehla ngqo, wehlela lapha, ngasepulpiti, futhi ubungaWubona nje. Uvele nje wavunguza phezu kwabantu lapho Wedlula. Bekuyisehlakalo esihle kakhulu engingasoze ngasikhohlwa.

3 Ngakho manje, mhlawumbe kusasa kusihlwa, awu, mhlawumbe, uma uzongena ocingweni futhi utshele abantu, bengenisa abagulayo babo nabahluphekile babo, sizoqala emuva ukuba sibe nomkhuleko. Kodwa bafanele babe lapha phakathi kokugamanxa kwelesithupha nelesikhombisa nqo ukwemukela umkhuleko wabo . . . Abafana bazobe benikezela ngamakhadi

ngalesosikhathi. Khona-ke, ngeke baphazamisane nawo wonke umhlangano lapho uqala, ngakho-ke ku, inkonzo yamaculo, kumbe noma ngabe yini enye.

4 Manje, sifisa ukuphenya, kulobubusuku, kuleli elibusisiwe, iBhayibheli elidala, encwadini kaDaniyeli, isahluko 5, nevesi 25, okokufundwa komBhalo. Futhi abaningi benu gcinani phansi lemiBhalo, ukuze nikudwebele, uma nifisa.

Nalona umbhalo owalotshwa, MENE, MENE, TEKEL, UFARSIN.

5 Amazwi ambalwa nje engifisa ukuninakisa kuwo. Nomprofethi uyaqhubeka ukunikeza ukuhunyushwa kwezwi: umbuso wehlukene, futhi unikelwe ezandleni zamaMede namaPeresiya, kanjalonjalo.

6 Kodwa manje, sisakhuluma ngalokhu, kufika enhliziyweni yami ukuthi lokhu kuzoba ngo—ngokungejwayelekile impela, kodwa umlayezo ohambisana nesikhathi wabantu. Futhi manje, noma yimuphi umfundi weBhayibheli, lapha, uyazi ukuthi wonke umBhalo unencazelo eyinhlanganisela. Sonke isiprofetho, okunye, okuningi kwakho konke, kunokukabili—okukabili, isikhathi lapho, noma kabili, noma ngaphezulu, ukuthi kuzophendulwa, njengokuguquguquka komlando.

7 Manje, njengaseBhayibhelini, siyathola, ukuthi kuMathewu isahluko 1, noma, isahluko 2, kulotshiwe, “Ngibize indodana yaMi iphume eGibhithe, njengoba kwasho umprofethi.” Awu, manje, ngempela, uma uzogijimisa ukufunda kwakho emphethweni kubuyele kulokho, kuzobuyela emuva lapho uNkulunkulu abiza khona umprofethi waKhe, uJakobe, indodana yaKhe, iphume eGibhithe. Kodwa futhi kwakusho ukuthi Wabiza iNdodana yaKhe, uJesu, iphume eGibhithe.

Futhi akusikho lokho kuphela, kodwa imiBhalo eminingi inokuphendula okukabili, ngesiprofetho.

8 Futhi sithola ukuthi umoya womuntu awufi neze. Manje umoya wokulunga awufi neze, ungena njengokulandelana, omunye emva komunye. UNkulunkulu uthatha umuntu waKhe, kodwa neze uMoya waKhe. UMoya, wawuphezu kuka-Eliya, ufika phezu kuka-Elisha, ufika phezu kukaJohane umBhaphathizi, futhi ubikezelwe ukuthi uzofika futhi ngalolusuku lokugcina: umfundisi onamandla ukuba avuke, futhi ashanele ngaphesh-. . . uMlayezo emhlabeni wonke, engenzi-zimangaliso, nje eshumayela iVangeli. Ukulandela lokho, ngukuba inkonzo enezibonakaliso nezimanga zilandela, uMoya kaKristu, owalandela uMoya kaJohane.

Njalo kunokuphendula okubili, noma ngaphezulu.

9 Manje, lapho sithola lolusuku olukhulu esiphila kulo, olunye lwezinsuku ezibusiswe kakhulu zezikhathi zonke kulabo abalungele ukuhlangana noNkulunkulu, futhi elinye lamahora

asabekayo kakhulu nasabekayo libhekene nongakholwayo, imbubhiso yakhe isiseduze. USathane uhamba njengengonyama ebhongayo, eshwabadela noma yini angakwazi, ukugcwalisa imiBhalo yeBhayibheli.

10 Manje, sithola lendaba enkulu, kulobubusuku, futhi sizokhuluma ngeBabiloni. Manje, iBabiloni litholakala ekuqaleni kweBhayibheli; litholakala maphakathi neBhayibheli; litholakala ekugcineni kweBhayibheli.

11 Ngakho niyabo, zonke izinto zaqala ku*Genesisi*. Ukuthi Genesisi kuchaza "imbewu, ukuqala." Yonke inkoloze esinayo namhlanje, yonke into elungile esinayo namhlanje, nayo yonke into engalungile esinayo namhlanje, kwaqala esimweni sakho sasekuqaleni kuGenesisi. Kulandeleni kwehle ngomlando, futhi nibone ukuthi lokho akusilo yini iqiniso.

12 Futhi lapha, iBabiloni liqala kuGenesisi, kuqala labizwa, "AmaSango eParadesi." Lakhiwa nguNimrodi (noNimrode wayeyindodana kaHamu), umuntu omubi kakhulu, owazama ukuhlanganisa sonke isizwe ndawonye phansi kokubusa okukodwa: *lokho* kwakungukuthi, phansi ko*kwakhe*. Wakha umuzi omkhulu nombhoshongo, umBhoshongo waseBabele, futhi kamuva, emva kokuba wawubizwa ngamaSango aseParadesi, wawubizwa nge*Babiloni*, "ukudideka." Futhi uma wake waba yiparadesi, wase-ke uphenduka uba ukudideka, kufanele kube sesimweni sokuhlubuka ukuba kuphendulwe kusuka eparadesi kuya ekudidekeni.

13 Futhi lomuzi omkhulu, wakhiwa emathafeni aseShinari, futhi kulokhu, babenazo zonke izinhlobo zezimfundiso eziyinqaba. Babekhonza, ngisho, izimpande abazithola emhlabathini (uma nake nayifunda i*Two Babylons* kaHislops ne—neminingi yemilando yasendulo), bakhonza izimpande. Futhi lokho ngabanye bonkulunkulu ukuthi, kukholakala, ukuthi uJakobe wayebebile kumkhwe wakhe, futhi wangamela lokho aku ri-. . . wadingeka akususe, kamuva, ngenkathi eseyokhonza uNkulunkulu. Kodwa babenazo zonke izinhlobo zezimfundiso ezigqamileyo ezincane nezinto, konke eBabiloni. Yingakho labizwa ngokuthi, "ukudideka."

Futhi manje, ake sibuke lelidolobha elikhulu, lakhiwa . . .

14 Njengoba bengisho ngobunye ubusuku ngaphambi kwaleliviki, emlayezweni wami, "Ukuthi zonke izinto ezisemhlabeni, ziyimifanekiso yezinto eziseZulwini. Futhi uma ubona izithandani ezithandekayo," ngikholwa ukuthi ngikufanekisile ngokwenza, "insizwa nentombi, ekupheleleni kobusha nje, njengoba nje bezoganana, umlobokazi nomyeni; lesosithombe esithandekayo kuphela—kuphela singukuboniswa kwesingafiyo. Sonke isihlahla enisibonayo, senziwa ngokunye, ngoba inegethivu, ngoba singesifayo futhi sinesiphelo, kodwa senziwa njengomfanekiso waLeso esingafiyo."

15 Futhi thina, uma lelidokodo lasemhlabeni (noma, umzimba wethu, indawo yokuhlala) lidilizwa, sinalo eselivele lilindile. Futhi emagameni angokomBhalo, noma amagama obufundisi, ubizwa ngo "mzimba-moya." Futhi kulomzimba omkhulu, esingena kuwo, futhi silindele ukuvuka kwalomzimba ukuba ubuye, wothuli . . .

16 Okungukuthi, ngeSonto ntambama, iNkosi ithanda, ngifisa ukukhuluma ngendaba ethi, *Kungani Sifanele Sizalwe Ngokusha Na?*

17 Manje, lomuzi omkhulu, kwakungamamayela ayikhulu namashumi amabili ukuzungeza umuzi. Futhi uhlangothi ngalunye lomuzi kwakungamamayela angamashumi amathathu, ukusuka odongeni olulodwa kuya ekupheleni kolunye udonga, kukwenza amamayela ayikhulu namashumi amabili ukuzungeza. Futhi wawunezitaladi kuwo, amafidi angamakhulu amabili ububanzi, nezindonga zazingamafidi angamashumi ayisishiyagalombili ubude, cishe amafidi angamashumi amane ukunqamula ngaphezulu. O, kwakuyindawo enkulukazi, indawo enkulu. Futhi isango ngalinye lenziwa ngethusi. Khona impela maphakathi nomuzi, kuhlezi ithempeli, noma isihlalo sobukhosi. Khona ngqo ngasesihlalweni sobukhosi kuza umfula i-Ewufrathe. Nomfula i-Ewufrathe, kanye neTigris, unisela sonke isigodi saseShinari, izwe elikhulu lezolimo. Kwase kuthi-ke, isango ngalinye izitaladi ezinge- . . . noma, zidlula, zangena, zaqonda ngqo esihlalweni sobukhosi. Niyabo, noma ngabe iyiphi indlela owawuza ngayo, yonke imigwaqo yayikhomba ngqo esihlalweni sobukhosi. Futhi kulomuzi omkhulu babenezingadi ezishwibekayo ezazilenga ezindongeni.

18 Futhi aniboni yini, kungumfanekiso womuzi omkhulu wasezulwini weZulu na? Yonke into udeveli anayo lapha emhlabeni, u . . . kuyinto ethize ephendukezelwe isuka eZulwini. Yingalesosizathu ukuthi lokhu kuphila, okufayo, kungukuphila okuphendukezelwe, kusuka ekuPhileni okuPhakade, kodwa kwenziwe kwafana nakho.

19 Njengoba sasikhuluma, ngobunye ubusuku, ngokuthi kanjani ukuthi—ukuthi lezi ezinkulu . . . njengeRashiya, bezama ukuhlanganisa wonke umuntu ngaphansi kwenhloko eyodwa enkulu, ubukhomanisi. Awu, ubukhomanisi bulungile, kodwa hhayi buphoqwe kanjalo. IRashiya . . . ubukhomanisi, kuphela yi—yimvuselelo kadeveli, njengoba iPhentekoste yayinayo. IPhentekoste yayinobukhomanisi bangempela. Wonke umuntu wathengisa ngakho konke ngesihle futhi babelana phakathi kwabo. Manje, uhulumeni uzama ukwenza wonke umuntu, aphoqe wonke umuntu, futhi ebuswa phansi kwenhloko, leyo yiRashiya.

20 Yonke into uSathane anayo lapha emhlabeni, kuyinto ethize ayiphendukezele isuka kuNkulunkulu. UNkulunkulu

uyadala, noSathane wenza ukulingisa kukho. Kukhona amabandla namhlanje emhlabeni, amabandla amakhulu, alawulwa ngudeveli. Kuyimpendukezelo evela eBandleni likaNkulunkulu leqiniso. Lonke ihlelo elikhulu lizama ukushanela yonke into ingene ekubuseni kwalo. Futhi ngenkathi bebona ukuthi behluleka kulokho (ubuKatolika bamaRoma baba nengxenye yabo), kodwa manje, bazama ukuba noMfelandawonye wamaBandla; futhi bengazi ukuthi iBhayibheli lathi bayoba nalokho. Kuyobakhona isilo no*mfanekiso* kuso isilo, uMfelandawonye wamaBandla. Nani bantu beFull Gospel niyazi, nina bazalwane be-Assemblies of God, lapho ulahlekelwa ubuzibulo bakho ngenkathi ungena kukho. Futhi kunjalo. Ufanele uphike izimfundiso zakho zevangeli.

21 Manje, qaphelani, kodwa lokho kuzofanele kufike. IBhayibheli lathi kuyoba lapho, futhi ayikho indlela yokukumisa. Kunjalo. Kodwa ngumfelandawonye. Manje, iBabiloni ekugcineni liphethela eMbusweni wamaRoma, njengoba sonke sazi, nomfanekiso walawomandla wenziwa waba nguMfelandawonye wamaBandla. Futhi lapha sinezinto zombili, khona namhlanje. Niyabo, konke kuyi—yimpendukezelo.

22 Kodwa iBandla likaNkulunkulu alihleliwe phansi kwanoma iyiphi inhloko yehlelo, lihlelwe phansi kobunhloko bukaNkulunkulu uSomandla, futhi lagcwaliswa ngoMoya oNgcwele: lelo yiBandla likaNkulunkulu oPhilayo. Futhi alihleliwe, lisemzimbeni; ali*hleliwe*, li*bhaphathizelwa* eMzimbeni weNkosi uJesu Kristu. Kulowomzimba, owenziwe: ngoweMethodisti neBaptisti nePresbyterian, nakho konke ndawonye, oza kuKristu. Kunjalo. "Nalezizibonakaliso ziyakubalandela ongenile kuKristu." Yilokho Akusho, uMarku 16.

23 O, ngilithanda kanjani leliVangeli elidala elibusisiwe. UMarku 16, o, lokho nje kuyakhubekisa . . . Yilapho uDkt. Reidhead athola khona ukukhubeka kwakhe, ngenkathi ethi, "O, uqonde ukuthi uMarku 16 yilokho ofuna ukubona thina bafundisi sikufakazisa na? Ngani," wathi, "thina zifundiswa ezingcono, ngani, si—sikutadisha ngokwehlukile kancane ku*lokho*; asikholwa ukuthi leyo ngxenye iphefumulelwe."

24 Futhi wathi, "Uma *lokho ku*ngaphefumulelwe, khona-ke *konke* okunye kwakho akuphefumulelwe; futhi hlobo luni lweBhayibheli olufundayo na?" wathi, "*Yonke* iKoran iphefumulelwe," kwasho okaMohamede.

25 Ihlazo elinje pho ebuKristwini. Ihlazo elinje pho ukuzama ukwenza i—i . . . Ngoba nje awunakho ukukholwa ukuba ume qekelele, futhi uthathe uNkulunkulu eZwini laKhe; futhi uzame

ukukubeka eZwini laKhe kuyinto ethize esesikhathini esedlule. Kuyihlazo.

26 Kungikhumbuza nje ngowesifazane omncane. Ngithi ukuma lapha umzuzwana ngalokhu, kubonakala kufanelana khona manje. Kukhona inenekazi elincane, ukuthi umfana walo wacabanga ukuthi wayefuna ukuba ngumfundisi. Ngakho ompofu, owesifazane omncane wenze konke ayengakwenza ukumthumela esikoleni. Futhi kulesisikole esikhulu, ngenkathi engekho, njengesitshudeni, unina wagula ngempela. Ngakho, uthumela ithelegramu kumfana, ukuba ame ngomumo; wayenenyumoniya, nodokotela wathi angahle afe noma ngasiphi isikhathi. Umfana wapakisha isutikesi lakhe, ukuba alungele ukuza ekhaya; kwase-ke kufika enye ithelegramu, unina wayesekahle, amahora ambalwa nje.

27 Awu, cishe sekungunyaka kamuva, insizwa iza ekhaya ngokuvakasha. Futhi yathola unina, yayisithi, "Mama, kunento eyodwa engifuna ukukubuza yona, futhi ngalindile nje ngaze ngafika ekhaya, ukuba ngikubuze."

Wathi, "Yini leyondodana na?"

28 Yathi, "Ngenkathi unenyumoniya, ebusika obedlule, wawusuzofa nje, futhi nganginakho konke kupakishiwe ukuza ekhaya, kwase kuthi-ke khona manjalo, ngani, wangithumelela ithelegramu, wawuphilile."

29 "O," wathi, "Ndodana, angisoze ngakukhohlwa lokho." Wathi, "Udokotela wangitshela ukuba ngikuthumelele, ngoba, ngangingafa noma ngamuphi umzuzu. Futhi emva kokuba sengithumele ithelegramu, kwaba khona owesifazane omncane ezansi nesitaladi, lapha, oya emishini encane; futhi wathi, emhlanganweni womkhuleko, ngalobobusuku, ukuthi waholelwa ukuba enyuke futhi akhulume nami. Futhi wangitshela umelusi wabo wayekhulekela abagulayo futhi wayekholelwa ezimangalisweni." Futhi wathi, "Wangibuza ukuthi angamkhuphula yini umelusi wakhe, ngase ngithi, 'Impela.'" Futhi wathi, "Wahamba wayesethola umelusi wakhe wayesenyuka." Futhi wathi, "Wafunda eBhayibhelini, futhi washo, ukuthi, 'Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.'" Futhi wathi, "Wangigcoba ngamafutha." Wayesethi, "Uyazi, phakathi kwemizuzu eyishumi, imfiva yami iqala ukuhlakazeka." Futhi wathi, "Ngokusa okulandelayo, ngangivukile, ngipheka ukudla kwami kwasekuseni." Wathi, "O, kwakumangalisa."

"O," yathi, "Manje, Mama, wayevelaphi lomfundisi na?"

Wathi, "Leyomishini encane khona ezansi ec-. . . "

30 "O," yathi, "Mama," yathi, "Manje, kusobala, awufanele uzihlanganise na*lolo*hlobo lwabantu." Yathi, "Ngoba nje abanalwazi kahle kakhulu." Yathi, "Sifundile ekholiji ukuthi,

okungconywana kuna*lokho*, esifanele sizihlanganise nakho." Yathi, "E . . . "

31 Wathi, "Awu, s'thandwa, wakufunda eBhayibhelini ngqo, ukuthi uJesu wathi, 'Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.'" Futhi wathi, "Ngakukholwa, noNkulunkulu wangiphulukisa."

"O," yathi, "Mama, lowo kwakunguMarku 16, ayefunda kuye."

Wathi, "Yebo."

Yathi, "Awu, uyabo, e—ekholiji safunda ukuthi, 'UMarku 16, kusukela evesini 9 kuqhubeke, akaphefumulelwe.'"

Futhi wathi, "Udumo, Haleluya!"

"Ngani," yathi, "Mama, uqala ukuziphathisa okwalabobantu. Ngiyakudabukela. Ngani," yathi, "yini indaba ngawe na?"

Wathi, "Bengicabanga nje, Ndodana. Uqonde ukungitshela, ukuthi uMarku isahluko 16 seBhayibheli likaNkulunkulu, kusukela evesini 9 kuqhubeke, akaphefumulelwe na?"

Yathi, "Qhabo, akaphefumulelwe, Mama. Kwafakwa lapho ngufakazi wamanga."

Wathi, "Awu, ayibongwe iNkosi!"

Yathi, "Yini indaba ngawe, Mama na?"

Wathi, "Bengicabanga nje, uma uNkulunkulu ubengangiphulukisa ngeZwi elingaphefumulelwe, Ubengenzani nga*lelo*, eliphefumulelwe ngempela," washo.

32 Yilokho-ke. Sifanele sikholwe ukuthi lonke iZwi likaNkulunkulu liphefumulelwe, futhi Lonke linezincazelo zaLo ezifanele. Ngakho, konke okwemicabango engamanga yomhlaba, ebukeka ingeyangempela futhi ibukeka inengqondo kakhulu, kuyisenzo esiphendukezelwe kuphela sikadeveli, ecebweni lasekuqaleni likaNkulunkulu. Kunjalo. "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu."

33 Ngakho, niyabo leliBabiloni elikhulu lalingumbuthano wamanga nje, noma ukuhlangana kwamanga. Kodwa bona, ngalolosuku, babeqoqe bonke ososayense ababedlula bonke owayekhona. Manje, angizami ukwesekela ukungazi kwami, kodwa ngifuna ukunikhombisa into ethize encane emBhalweni. Benazi yini ukuthi buphi lobubuhlakani obukhulu, lelizwe elinabo namhlanje, yiluphi uhlangothi lothango obukulo na? Niyazi lapho lenkolo enkulu engcwele, esiyikhonzayo, noma esifanele ukuyikhonza, niyazi ukuthi yiluphi uhlangothi lothango olukulo na? Ivela ohlangothini lukaKayini. Buyelani

emiBhalweni futhi nifunde futhi nithole ukuthi lokho akunjalo yini. Sizoba nokuningi esingakusho ngakho, kamuva.

34 Kodwa khumbulani, ngezinsuku zikaNowa, babengososayense namadoda ahlakaniphile, nabo bonke ososayense abakhulu bomhlaba wayekolunye uhlangothi, bekulokhu kunjalo, futhi kusenjalo, namhlanje. Bangenza zonke izinto eziqanjiwe nezibhamu nazo zonke izinhlobo zezinto abazitholile, kodwa usasebenza ngakolunye uhlangothi. UNkulunkulu usebenza emoyeni wabantu baKhe, ukuba Azibonakalise, ukuba Azisebenze ngabantu baKhe, ukukhombisa uBukhona baKhe nothando lwaKhe kwabanye. UNkulunkulu esebenza ngabantu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

35 Manje, kulendawo enkulu, babenezingadi ezinkulu ezazilenga ezindongeni. Futhi emva kokuba sebebhaxabule umhlaba wonke, ngokwazi kwabo, wonke umuzi wawuthela eBabiloni, ngoba babenososayense abahlakaniphe kunabo bonke emhlabeni. Babenento yakamuva impela emishinini yezempi. Babenokuphakeme kunakho konke kwakho konke okwakunganikezwa, kwisayense. Babenabantu abahlakaniphe kunabo bonke, isifundiswa esikhulu esizedlula zonke, abagqoke kahle ukubedlula bonke, abondleke ukwedlula bonke, kunoma yisiphi esinye isizwe emhlabeni; IBabiloni lalinakho. Akekho owayedlalela ngaseBabiloni. Uma ubungowombuso waseBabiloni, ubungaphuma bese uthi, "NgingowaseBabiloni," njengoba nje *u*ngenza, namhlanje, uthi ungumMelika. Umehluko ofanayo, into ongaqhosha ngayo. Kuhle ukuba ngumMelika, kodwa kukhulu kakhulu ukuba ngumKristu. Kodwa labobantu ezansi lapho babengathi, "Sinokuhle ukwedlula konke izwe elinakho. Sinesimo esihle ukwedlula zonke sikahulumeni. Sinezinqola ezedlula zonke. Sinamadoda aqeqeshwe ukwedlula onke, abantu abondleke ukwedlula bonke, abantu abagqoke kahle ukubedlula bonke emhlabeni wonke." Kodwa babengazi lutho ngoNkulunkulu.

36 Futhi babenomuzi, futhi kulomuzi babephephile nje, ngoba isayense yabo yayakhe udonga olwaluwugqinsi kakhulu, ukuthi, ngisho, babengagijimisa umjaho wezinqola uzungeze lapho amamayela ayikhulu namashumi amabili, futhi bangalokothi bashayele inqola isuke odongeni. Amasango abo okungenani ayeyifidi ugqinsi lwethusi, eshwibeka amafidi angamashumi ayisishiyagalombili ukuphakama, emoyeni. Babengenayo indiza, ngakho isitha sasingenyukela esangweni futhi sihlehle. Nawo onke amadoda abo amakhulu (babengakhuphukela ohlangothini lwalezizindonga ngezitebhisi ezingaphakathi), futhi uma isitha sifika lapho, bebenga, isisulu esiphelele nje kubo, ngemicibisholo yabo nezinto, bebajikijela ngamatshe. Futhi babenezwe elenele lapho, babengazivalela ngaphakathi, futhi badedele isitha zizikhalele ziye ekufeni,

ngoba azikwazanga ukufinyelela kubo. O, bazizwa bephephe ngokuphelele. Babenokukwedlula konke. Futhi kuyafezeka, ukuthi, lapho noma yisiphi isizwe esikhohlwa uNkulunkulu, futhi sibeka onke amathemba abo phezu kwamandla ezempi, basendleleni yabo eya ekubhujisweni. UNkulunkulu akabheki buso babantu. Isono siyihlazo kunoma yisiphi isizwe. Ngakho, ngenkathi besengaphakathi kwalezizindonga ezinkulu, bazizwa bephephe kakhulu.

37 Futhi ngiyamangala nje ukuthi besingazizwa yini siphephe ngempela, nathi. O, eminyakeni eyishumi-nanhlanu noma engamashumi amabili edlule, amashumi amathathu, amashumi amahlanu, sinqobe zonke izimpi esingene kuzo. Siyisizwe esondliwe ukwedlula zonke esikhona. Sigqoka izingubo ezingcono kunanoma yisiphi esinye isizwe. Sizibiyele ngahlakaniphe kunawo onke, amadoda anabuhlakani kakhulu emhlabeni. Futhi ngakho, sizizwa siphephe kakhulu futhi sondleke kahle, sikhuluphele, ngangokuthi sichitha ngokwenele (sisule amapuleti ethu namatafula, emgqonyeni kadoti) ukondla ingxenye yomhlaba. Nicabanga ukuthi uNkulunkulu olungileyo ubengajabula ngokunjalo na?

38 Esikhathini esingeside esedlule, ngenkathi ngiseNdiya, ngimi eBombay, eTaj Hotel, uBilly nami sasimi lapho. Futhi emkhunjini kwaphuma iCadillac enkulukazi el'hlaza s'bhakabhaka namanye amaMelika kuyo. Izinxibi ezincane, esitaladini. Nomfanyana onozwane oluthi alube lukhulu kangako ngapho, oluthi aluphakame kangako, cishe amayintshi ayishumi ngalapho, cishe ifidi ukuphakama, wayempompoloza efuna okuthile okudliwayo, "Akukho baba, akukho mama." Futhi ngenkathi lamaMelika agqoke kahle, abiza izigidi, ephuma kulendawo yalendawo encane ephumela emkhunjini lapho, kulemoto, ihamba inqamula ngaseTaj Hotel, lomfanyana bandla ekhiphe isandla sakhe ngopeni owodwa nje. Niyazi ukuthi benzeni na? Baphenduka nga*leyo*ndlela. Umfo omncane wathi, "Akukho baba, akukho mama, akukho kudla." Futhi omunye yabo wayezomkhahlela. Futhi izinxibi ezindala, zilele esitaladini. Kusiza ngani, isithunywa senkolo, ukuya lapho futhi sithi singabafowenu, bese-ke siziphatha kanjalo na?

39 Izithunywa zenkolo zazinesikhathi esinzima. Kuyini na? Ibandla bechitha imali yabo ngobhiya, nogologo, nezinto ezintsha ezinkulu, namakhaya amasha esimodeni njalo eminyakeni emibili noma emithathu. Nebandla lifaka izigidi zamadola ekwakhiweni, lizama ukwedlula iBaptisti, noma iMethodisti, noma amaPentecostal, kumbe noma yini okunye. Futhi unikeza isithunywa senkolo imashi kapeni ukuba sibulawe yindlala. Ulinganisiwe esilinganisweni futhi wafunyanwa ulula.

40 Futhi sithathe izigidigidikazi zamathani kakolo, ngaphambi kwenye impi, futhi sawulahla ngaleya olwandlekazi, futhi sishisa izinkulungwane zezinhloko zezingulube nezinkomo

enkangala, ngenkathi izwe lalibulawa yindlala. Ucabanga ukuthi ubungazedlulela ngalokho na? Ubone nje ukuthi ungakwazi yini. O, ukulahlwa sekuseduze. UNkulunkulu uzofanele akhombise umusa ngaphambi kokwahlulelwa. Kodwa sizizwa siphephe kakhulu sonke sivalelwe phakathi njengoba benza.

41 Ngakho manje, qaphelani eminye yemikhuba yomuntu lapho ezizwa ephephe ngempela. Uyakhohlwa nguNkulunkulu. Ukhohlwa yikho konke ngakho. Futhi unikeza sonke isikhathi sakhe ekufuneni injabulo. Manje, angikuqondile lokhu ngokuqonde ngqo ku...kulababantu abahlezi lapha. Kodwa abantu baseMelika abalifuni iVangeli. Bafanele babungazwe. Banokuzijabulisa okuningi kakhulu ngaphandle kwebandla, baze bangabe besadingeka baye esontweni. Futhi wena... Ayikho indlela yokubatshela; ufanele ubenze.

"SingabaseMelika abakhululekile. Senza lokho esifuna ukukwenza."

42 Nomqondo wabo ohlanyiswa yinjabulo ugcwele kakhulu ubuphukuphuku beHollywood, nezinto, baze bangabi naso isikhathi sebandla noKristu. O, uzohamba ngePhasika. Awufuni ukuya esihogweni. Impela, qha.

43 Sizokhuluma ngalokho, ebusukwini obumbalwa, *UbuKhosi bukaKristu*. Kodwa, awufuni ukulahleka, kodwa angeke uMvumele abe yiNkosi yakho. O, ujoyina ibandla, impela; lokho ngukuma ekumeni okuhle nabo bonke omakhelwane, oJones. Unomcabango wokuthi ubufanele ube yini. "Abanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu; benesimo sokumesaba uNkulunkulu kepha amandla akho bewaphika": uNkulunkulu wathi kuyoba njalo. Futhi niyi*lokho*! Sifike lapho-ke isizwe. Akumangalisi uBilly Graham maduze nje wenza ukuphawula akwenzayo, ngokuthi abantu bayophuthuma kanjani ebandleni, futhi benze ukukhala kwamanga, sengathi babesindiswa; futhi onyakeni, ungathola oyedwa ezinkulungwaneni ezingamashumi amathathu, cishe impela. Ukulandelela akukwenzi. Kuthatha uNkulunkulu ukukwenza. Asisoze saliletha ibandla ngaphansi kokulandelela. Ngabesilisa nabesifazane abomile nabalambele uNkulunkulu, olandela uMoya, hhayi ukulandela ebandleni, uthole amalunga amaningi, kodwa ulandele kuKristu ukuthola insindiso.

44 Manje, lokhu kunesihluku. Angiqondile ukuba nesihluku, kodwa ngifanele ngibe qotho. Ngifanele ngizilande ngomphefumulo wakho (wena, ophumela lapha kulobubusuku) ekwahlulelweni. Ngakho, impela angifuni gazi ezandleni zami, ngalolosuku. Ngifuna nibe...Ngifuna ukuba qotho. O, futhi kanjani, lapho abantu bevikeleka, bafuna... bafuna nje ukwenza ngendlela abangakwenza ngayo, futhi ngokwejwayelekile kuholela esonweni.

45 Manje, bukani eBabiloni. O, babenenkosi ezansi lapho, cishe nje njengabanye balaba lapha izingcweti zamabhayisikobho zesimodeni. Igama lakhe kwakunguBelshazari. O, wayengumfana omkhulu wesikhathi. Ngakho wacabanga, "Sizovala amasango futhi sizoba nesikhathi esimnandi nje." Nesono sasisemzini, sokuphinga, nayo yonke into; abesifazane wayesezingeni eliphansi.

46 Futhi ubumama bungumgogodla wanoma yisiphi isizwe. Futhi bukani abesifazane bakithi baseMelika, namhlanje. Bonke abafana abathathu ababeye phesheya kwezilwandle, eMpini yoMhlaba yokugcina, balahlwa ngesehlukaniso ngaphambi kwezinyanga eziyisithupha. Nginakho ephephandabeni. Abaningi abantwana besihlahla abazalwa esifundeni saseNew York kunoma kwakukhona amadoda abulawa eMpini yoMhlaba, ngesikhathi esifanayo. Kushonephi ukuziphatha kwabantu bakithi na? Yingoba behlulekisa uNkulunkulu. Baya emabandleni futhi bajoyina, futhi babengazi lutho ngoNkulunkulu kunoma iLawu lazi ngobusuku baseGibhithe. Manje, lelo yiqiniso, ngukuphawula okul'hlaza, kodwa kuyiqiniso.

Konke abakwaziyo: "NgiyiBaptisti." "NgiyiMethodisti." "NgiyiKatolika." "NgiyiPentecost." "Ngiyinto ethize."

Lokho akuhlangene ngalutho nensindiso yakho, akukho lutho. Bese-ke ubatshela ngakho.

"Angidingi ukuya kulokho kuhlangana-. . . Angidingi ukulalela into enjengaleyo."

47 Impela awudingekile, kodwa uzozwa ukuthi uNkulunkulu umemezele ukwahlulela, ngolunye lwalezizinsuku. Nkulunkulu ngisize, nizokubona emizuzwini embalwa.

48 Qaphelani. Kodwa bathola leyondlela. Ngakho lomfana omkhulu wesikhathi wacabanga, "Uyazi, ngizoba nephathi enkulu." O, yilokho iMelika ekuthandayo, amaphathi amakhulu. Ngakho lomfo omkhulu wesikhathi ubengakwenza ngempela. Ngakho wathola enye yalezozingadi zesimodeni emva kwesigodlo, futhi waphosa enkulu, iphathi yomculo wokuzibinya wesimodeni. Impela, wakwenza. Kubukeni, kufundeni nje eBhayibhelini lapha, futhi nibone ukuthi lokho akunjalo yini; umnyakazo ka-Elvis Presley wesimodeni nje. Kunjalo impela. Futhi wayememe bonke abesifazane ayengabathola, *izancinza*, okuyisi "febe sangokomthetho." Yilokho kuphela okwakukhona. Futhi wangenisa zonke izikhulu zakhe, nazo zonke izimeya zomuzi, nabo bonke osomaqhuzu, phakathi. Futhi ngakho, bavala onke amasango amakhulu, base bemisa onogada ngasesangweni; babephephe nje ngakho konke. Futhi babecabanga ukuthi babezoba nomculo wokuzibinya wangempela. Kodwa behluleka ukubona ukuthi uNkulunkulu ubuka phansi esemaZulwini, futhi Uyasazi isono,

futhi Uyasizonda isono, futhi Wehlulela isono. Ngaso sonke isikhathi ukuthi babekhipha iwayini labo eliwedlula onke (i-Oertels '92 yabo, njengokusho, kumbe noma yini wena, obhiya benu, nezinto), uNkulunkulu wayebhekisisa wonke umnyakazo.

49 Futhi buka lapha, mngane wami. Uma uNkulunkulu ededela iMelika izedlulele nokwesasa kwayo okukhulu, ukuba nje ibe, uma iMelika ingahamba ikhululeke ngaphandle kokwemukela ukwahlulelwa, uNkulunkulu olungileyo uzodingeka avuse iSodoma neGomora, futhi axolise ngokubacwilisa. Kunjalo. Ukweleta iSodoma neGomora ukuxolisa, uma singakwemukeli ukwahlulela. Impela ngisho. Bukani ukuthi kwakwenzekani eSodoma naseGomora.

50 Nendoda inokuphambene nomzimba wayo, futhi igijime yazula nabesifazane, nabesifazane namadoda, kuze kuthi (Uthola izibalo zesimanje zalezizinto, uma ungakwenzi ungazithola.) leyompendukezelo isekudlangeni okunjalo, kuze kuthi ngisho, kuyashiwo, ukuthi iphesente elikhulu lekoMkhulu lethu lingongqingili. Kusekudlangeni okukhulu emadolobheni amakhulu njengeLos Angeles kuze kuthi, ngiyacabanga, unyaka ngamunye, kuhamba ngaphezu kwamaphesente angamashumi amabili kusukela onyakeni ngaphambili, izidambisa-mizwa, isidambisi-zinhlungu, ukubhema osikilidi.

51 Bese-ke bekhipha lamantombazane amancane ayinjejane, bese bewanika insangu. Benzani na? Babatshele, "Ingcosana, isiphuzo sobungani." Kuya, sekufike endaweni, bayazi ukuthi lokho kuvusa izinkanuko empilweni yomuntu, abafana abancane namantombazane, sebeze bahlanya ngokuphelele.

52 Bengifunda iphepha lenu namhlanje, lezizithandani ezincane eziseyinjejane, ezansi lapha, zibulala abantu abayisishiyagalolunye. Yini eyenza lokho na? Ukuba lowomfana wayeze kuKristu, ngomama nobaba omesabayo uNkulunkulu, lokho kwakungeke kwenzeke. Akusibo ubuhlongandlebe bentsha, ngubuhlongandlebe babazali: ngoba esikhundleni sokuba umama ahlale ekhaya futhi anakekele izingane zakhe, njengoba ubefanele, uthola umzanyana ukuba akwenze, futhi uphandle ebhareni, ndawondawo, noma iphathi ethize enkulu yotshwala obuxutshiwe. Bese-ke uzibiza ngomKristu. Ngiyakudabukela. Ungeke. Waziwa ngezithelo zakho. Qiniso. Leyongane encane bandla!

53 Bese kuthi-ke, amapesente angamashumi ayisishiyagalolunye abo awabafuni abantwana. Bayohlel'umndeni, futhi bakhokhe amadola angamashumi amahlanu ngencane, enekhala elincane, ngiyaxolisa, encane, inja endala ukuba ihlale emathangeni abo, ukuze bagijime bazule ubusuku bonke. Yilapho iMelika efike khona. Enye encane, endala, inja enukayo, endlini, igqoke ijakhethi,

nakho konke kanjalo. Futhi uhlel'umndeni, ngoba awufuni ukuboshelwa phansi. Kunjalo.

54 O, ningacabangi ngencelebane isilimaza. Ningacabangi ngeRashiya isithatha. Akusiyo irobini echofa i-aphula elilimazayo, yisibungu emnyombweni, yilokho okubulala i—i-aphula. Akusiso esinye isizwe esisesabayo. Ukuba sasihlale lapho okhokho bethu batshala khona isisekelo, sasiyokwakhelwa phezu kwemigomo yeBhayibheli.

55 Manje, awunahulumeni, kumbe noma yini enye: bephatha amahlandla amane, futhi bephula wonke uMthethosisekelo, benze imithetho yabo uqobo, benze noma yini abafuna ukuyenza. Futhi akulutho kodwa yikhekheba lezinyosi ngobukhomanisi, uhulumeni; futhi anazi ukuthi ubani ongubani. Kungani kunjalo na? Isono.

56 Kwase kuthi-ke, babenezikhathi zabo ezinkulu futhi baphumela lapho. Ngakho, niyazi, lomfo lapha, uBelshazari, wayengu-Arthur Godfrey omuhle kakhulu, wosuku. Ngakho, wayefuna ukuba nehlaya elincane lezenkolo ngento ethize. Ngakho, ngenkathi bebafaka bonke lapho (niyazi, lona omahlaya), ngakho ngenkathi bebangenisa bonke egumbini, futhi baqala ukuphuza. Omunye umgadi wezingane ekhaya enakekela ingane yowesifazane othize, nomyeni wakhe phandle empini, naye esemathangeni elinye isosha, yilokho-ke, bonke bephuza.

57 "O, ku—kuyisimodeni nje, L.S./. . .T., noma Amakameli, noma okunye nokunye, isimodeni." Lokho ngokwasesihogweni. Kunjalo impela.

58 Futhi impela (uma uNkulunkulu uSomandla ezovumela izinto zenzeke kulomhlangano, ukufakazisa ukuthi Ulapha, futhi ekwesekela), impela, ngiyazi ukuthi ngikhuluma ngani, ngoba kuphuma eZwini. Impela. Kuyisexwayiso! Futhi kukhumbule nje lokho, futhi ukugcine engqondweni yakho, kubhale eBhayibhelini lakho, ubone ukuthi kuqinisile noma qha; isikhathi sizokusho. Sisebuthakathakeni bethu obukhulu.

59 O, babenesikhathi esikhulu, namasosha enza u—umculo wokuzibinya, nabo bonke benesikhathi esikhulu. Futhi babecabanga ukuthi babephephe kakhulu. Ngakho, inkosi kwenzeka yacabanga ngehlaya elihle ngenkolo, "O, u—umshumayeli odlulayo. . ." noma enye into ethize, kanjalo. Ngakho, wayefuna ukuqhumisa amahlaya ngezinto ezingcwele zikaNkulunkulu. O, akuwona yini umbukiso wethelevishini wesimodeni lowo na? Cabanga ngakho umzuzu.

60 Ngakho uthi, "Sizozijabulisa. Sehlele ngaleya, futhi sikhiphe lezozitsha endlini kaNkulunkulu wamaHeberu." Futhi baphuza iwayini ngazo. O, ihlaya elincane nje lezenkolo. Aniboni yini, umoya kaGenesisi usekhona lapha namhlanje,

kuphela upholishiwe na? Ngudeveli omdala ofanayo (Uxolo, mfowethu.), udeveli omdala ofanayo.

61 O, kwakuvame ukuba nguJohn Barleycorn, abaningi, nina bantu abadala ningakhumbula, ekwenqabeleni, wayebukeka njengesichuse. Kodwa namhlanje, usepholishwe kakhulu, uhlala kuwo wonke amabhokisi ka ayisi, cishe impela, futhi usekobhampa manje; kodwa usenguJohn Barleycorn, isidakamizwa esidala esifanayo esinesono esikuthumela esihogweni, kodwa upholishiwe.

62 O, udeveli uyabazi ubukhazikhazi. Yingalesosizathu angena kuKayini, yingakho angena kuLusifa ekuqaleni, noma emuva le; wayefuna into ethize ewubukhazikhazi, uLusifa wakwenza. Bhekisisani ubukhazikhazi benu, ngoba uSathane ungumqambi wobukhazikhazi. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI, ophuma eBhayibhelini.

63 Kwehle njalo, kubukeni, bukani ibandla lakhe. Inkolo kaSathane njengoba indodana yakhe yayinjalo, uKayini: ekholwa impela, uya esontweni, ukhokha okweshumi kwakhe, uyanikela, uguqa phansi, ukhonza uNkulunkulu, emuhle nje ngakho konke, eqotho ngakho konke. Kodwa "kukhona indlela ebonakala ilungile." Izithelo zakho ziyafakazisa ukuthi kuyini.

64 Manje, ake sibheke, manje, umzuzu nje. Lapha, losomahlaya wesimodeni, bonke bephumela lapho, futhi beqhumisa amahlaya ngoNkulunkulu waseZulwini. Okungukuthi, wayecabanga ukuthi wayephephile, futhi wayelungile ukuzijabulisa kancane ngalamantombazane, nezinto. Futhi, o, izindwangu eziqoshiwe zazilenga nemvuthuluka yamapheshana iconfetti indiza namantombazane azipendile ayeshwibeka engalweni yamasosha, umculo wokuzibinya ojwayelekile nje, benesikhathi esikhulu; bengazi ukuthi iso likaNkulunkulu lalibuka phansi, uNkulunkulu oNgcwele waseZulwini. Ubungcwele bukaNkulunkulu budinga ukwahlulelwa lapho isono senziwa; Isimo saKhe sokuziphatha uQobo, ubungcwele baKhe uQobo obukhulu, kufakazisa ukuthi Ufanele abe nobulungiswa.

65 Manje, babukeni, njengoba nje bememeza ngenjabulo, ephathini enkulu, futhi beqhubeka kanjalo, bengacabangi lutho ngakho. Futhi khona manjalo, sengiyayibona inkosi, cishe ngesikhathi nje isinehlaya layo elikhulu ilisho, nakho konke, newayini esandleni sayo, ukuba ibe nesikhathi esimnandi (Babexwayisiwe ngalezizinto.), ngakho, cishe ngesikhathi isilungele ukuphuza, kukhona okwenzekayo.

66 O, kungaba kanjani lokhu na? Ingemuva, inososayense ababedlula bonke, inezindonga ezizedlula zonke, inombuso omkhulu kunayo yonke, ikanye nabantu abakhulu kunabo bonke. Kungenzeka kanjani lokhu na? Kodwa ungeke

wamcashela uNkulunkulu, izono zakho zizokuthola. O, okholwayo na? Impela yayikholwa.

67 Futhi kwenzeka yaqaphela, khona ngqo ngale kwezinti zezibani ezaziseBukhoneni babo bonke, hhayi ekamelweni elimnyama; othini lwesibani, ukukhanya kulokoza odongeni lwesigodlo, kwakukhona isandla soMuntu esavela eZulwini futhi saqala ukuloba odongeni.

68 O, sengiyayibona, ngenkathi amasosha adakiwe anga abesifazane futhi ememeza ngenjabulo phezulu futhi enesikhathi esimnandi, nalosomahlaya omkhulu emi lapho, elungiselela ukuphuza, futhi khona manjalo, wabona into ethize engaphezu kwemvelo. Yayingakwejwayele. Nesandla soMuntu sehla futhi saqala ukubhala odongeni. Sengiyayibona ima, amehlo ayo agqolozela, umzimba wayo uqala ukuvevezela; iBhayibheli lathi, "Amadolo ayo ashayisana." O, ngempela "yanyakaziswa kakhulu."

Uzonyakazizwa, ngolunye lwalezizinsuku, ungakhathazeki. Sekuyisikhathi, manje, unjalo.

69 O, ngempela ya "nyakazizwa kakhulu." Yabheka ngasodongeni futhi yabona lesosandla siloba. Awu, yayingazi ukuthi yenzeni, ngakho yathumela, futhi yathola umbhishobhi nabo bonke abelusi, futhi yabangenisa, yayisithi, "Bukani lapha, bafo, niyazi sonke singabazalwane abahle baseBabiloni. Singahle sehluke kancanyana, kodwa, lokho yi . . . Ngifuna nifunde lowombhalo." Kodwa niyazi ukuthini? Umbhishobhi wayengakwejwayele okungaphezu kwemvelo; wayengazi lutho ngakho.

70 Futhi kunjalo nanamhlanje, isandla esilobayo sisodongeni nokungaphezu kwemvelo kuyenziwa, nomshumayeli wesimodeni akazi lutho ngakho. Akunampendulo yabo.

71 Kodwa ngifuna niqaphele, ngaphambi kokuba yonke imbubhiso, noma yiyiphi imbubhiso eyake yenzeka ezweni, uNkulunkulu wathumela izibonakaliso ezingaphezu kwemvelo; zonke . . . ? . . . noma, ngingathi, ukuze nizoqonda, *umgamanxo*.

72 Bukani, izwe laba lonke elesimodeni, okwesikhashana, emva kokuzalwa kukaKayini no-Abela, kanjalonjalo; amabandla amakhulu akhiwa. Babenensali encane kubantu bakaSeti: abelusi bezimvu, abantukazana, u-Enoke, uNowa. Bhekisisani! Lapho beqhubeka, kufika isikhathi sembubhiso yangaphambi kokubhubha komhlaba ngamanzi. Futhi ngaphambi kokuba uNkulunkulu abhubhise izwe ngamanzi, Wathumela umprofethi, Wathumela izingelosi, Wathumela okungaphezu kwemvelo, Wayenemvuselelo engaphezu kwemvelo noMlayezo nesixwayiso (nabantu bawedelela); futhi waminzisa umhlaba wonke ekwahlulelweni.

73 Ngaphambi kokuba uNkulunkulu akhiphe u-Israyeli eGibhithe, kwenzekani na? Wayelele ethule amakhulu eminyaka,

umpristi wakhe omdala nje ofanayo esikweni elidala elifanayo. Kodwa khona manjalo, kwenzekani na? Nakho kufika umprofethi enkundleni, okungaphezu kwemvelo kwenziwa, izibonakaliso nezimanga zabonakala. Futhi iGibhithe laminza oLwandle oluBomvu, ngoba wehluleka ukubona usuku, futhi wabiza okungaphezu kwemvelo kukaNkulunkulu, ukuthi kwakuwuhlobo oluthile lwento yemvelo eyenzeka emhlabeni.

74 Ngaphambi kokuba uJesu afike, nezimbubhiso zamaJuda, ngaphambi kokuba uJesu afike enkundleni, Lowo onaMandla, kwenzekani na? Kwavuka umprofethi, kwenzeka izibonakaliso nezimangaliso, izingelosi zabonwa. Malibongwe iGama laKhe eliNgcwele. Okungaphezu kwemvelo, abaprofethi nezingelosi, emgamanxweni.

75 Futhi silapha, futhi, nesandla esiloba odongeni. Ngaso sonke isikhathi lokhu kungukuthi nje, kuqhubeka, inkosi yayingenakuqonda. Kwakungaphezu kwemvelo ngaleyonkathi eBabiloni. Umbuso wabeZizwe wangeniswa ngokungaphezu kwemvelo. Umbuso wabeZizwe uphuma nokungaphezu kwemvelo. Ngishumayela ngokungena kwabeZizwe. Lokho kungenkathi abeZizwe kuqala wabizelwa kubantu bakaNkulunkulu, wayeseBabiloni.

76 Qaphelani, futhi ngenkathi iNkosi uNebukadinesari, eyinhloko yegolide, inhloko yamandla abeZizwe, futhi nibhekisise ukuthi uNkulunkulu wenzani. Bukani ukuthi hlobo luni lwesimo ibandla elaliyiso, ekupheleni kweNkosi uNebukadinezari, ngenkathi uBelshazari ethatha indawo yakhe, khona-ke izimbubhiso zafika. Bukani ukuthi kwenzekani: engenangqondo, eyesayense, enobulima, eyondleke kahle, ezaziyo, igenge yomculo wokuzibinya; nokungaphezu kwemvelo kwabonakala, futhi babengazi ukuthi kwakuyini.

77 Futhi namhlanje, abazi ukuthi kuyini. Bathi, "Isangoma esiphucukile, noma omunye umoya kadeveli, noma ukufunda ingqondo." Abakuqondi, futhi bangeke bakuqonde. Kodwa uNkulunkulu ulungile, Uzofanele anikeze isexwayiso kuqala, impela, Unjalo.

78 Babelapho-ke, futhi lapha, lapho bemi phakathi lapho, "bonke beqhaqhazela," futhi nakhu kufika ababhishobhi nezikhulu zesonto nabo bonke bengena. Futhi khona-ke bathi, "Asazi lutho ngalokho. O, kuyinto ethize encane nje eyinganekwane." Kodwa inkosi yayazi kangcono. Ngakho, isenza ukusongela kwayo, yamangala ukuthi kwakuyini indaba.

79 Manje-ke nakhu kungena indlovukazi. Ngifuna niqaphele, yayikade ingekho ephathini yabo yomculo wokuzibinya. Yayikade iphandle kwenye indawo. Yayingowesifazane oyedwa embusweni wonke, imele ibandla, eyayazi okuthize ngokungaphezu kwemvelo. Bhekisisani ukuthi yathini.

80 Nabo bonke oJezebeli bezungezile, phezu kwamathanga amasosha, futhi benesikhathi esikhulu, nawo onke amadoda phandle lapho, namakhosikazi awo ekhaya ehamba kwiphansi nengane, wona ephumile nomunye unkosikazi wenye indoda; iMelika yesimodeni nje, yilokho kuphela. Namahlaya abo amakhulu ezenkolo nokuqhubeka nokumemeza kwabo ngokujabula nokumpongoloza, becabanga ukuthi babephephile.

81 Futhi kwenzekani na? Indlovukazi encane yagijima yangena, futhi yathi, "O nkosi, phila kuze kube phakade. Unga 'thuthumeli' ngoba labababhishobhi abagcina umthetho ngegama bangeke bakufunda lokho." Yathi, "Kukhona umuntu embusweni wakho owazi okuthile ngokungaphezu kwemvelo. Kukhona umuntu."

82 Mfowethu, kunoMuntu, nokho, kulobubusuku: lowoMuntu unguJesu Kristu. Wazi konke okungaphezu kwemvelo, eKuthulula, kubantu baKhe.

83 Yathi, "Kunomuntu embusweni wakho uyihlo, uNebukadinesari, ayenaye ngapha, nomoya wonkulunkulu ukuye, uyakwazi okungaphezu kwemvelo. O nkosi, ungakhathazeki. Angazi ukuthi umphumela uzoba yini, kodwa hamba uthumele kuDaniyeli, lowomprofethi weNkosi. Uzokutshela lokhu okungaphezu kwemvelo kuwe ngoba ukwejwayele."

84 Akukho namunye wabo owayenesiphiwo sokuhunyushwa kwezilimi ezingaziwa, niyabo. Kwakubhalwe ngolwimi abangazi lutho ngalo. Futhi abakholwanga ukuthi kwakukhona olunye ulwimi ngaphandle kwalezo ababazi ngazo. O, usuku olunje pho esiphila kulo.

85 Qaphelani, ngakho bahamba futhi bathola uDaniyeli. UDaniyeli uyagqolozela njengomprofethi, akungabazeki, uNkulunkulu wayemkhombisile lokho ngaphambi kokuba ashiye ikhaya lakhe. Nangu engena, ikhehla, mhlawumbe engapholishiwe njengabanye babafo abasebasha, egqoke ezimanikiniki, nentshebe iyalenga, enempandla, nezinwele ezilenga emahlombe akhe. Wangena wayesebuka lokho okungaphezu kwemvelo. Wenyukela ngqo ebusweni balowomfana womculo wokuzibinya, wejezi. Wathi, "Ubuwazi kangcono kunalokhu." UDaniyeli wayekade eshumayela kancane eBabiloni, niyazi.

86 "Wawazi, ke, ngezinsuku zikayihlo, iNkosi uNebukadinezari, ngenkathi enza kanje, uNkulunkulu wamenza wadla utshani njengenkabi phandle ensimini, nokuthi kwenzekani. Nalezizinto azifihliwe kuwe, O nkosi."

87 Futhi kanjalo, akufihliwe kuwe, Waterloo; bekukuwo onke amaphepha nakuyo yonke indawo, nje abazaziyo kakhulu ukuba bakwesekele, abazaziyo kakhulu ukuba baphume. Kulungile, uNkulunkulu uyakwenza noma kanjani. Uthi asime

endaweni yokugada futhi senze konke okusemandleni ethu ngoba uNkulunkulu ukuthumele. Bekukuwo onke amaphepha, emisakazweni, nakho konke, kodwa o, wazi okuningi kakhulu ngakho. Qhubeka. Uma kungekho okuthize enhliziyweni yakho, ulinganisiwe esilinganisweni futhi wafunyanwa ulula. Uma ubunoMlayezo, uma ubuWazi enhliziyweni yakho ubungatshela ibandla lakho.

88 Manje, bhekisisani umzuzwana nje, ukuthi kwenzekeni. NoDaniyeli waphenduka, wayesethi, "Manje, nkosi, nansi incazelo ka Tene, Tene, Tekel, Ufarsin." Wathi, "Ulinganisiwe esilinganisweni futhi wafunyanwa ufuna-. . . ." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] "Ube nephathi yakho yomculo wokuzibinya yokugcina. O, ubucabanga ukuthi ubuphephile, ubungenjalo na?"

89 Kodwa, cishe nje amamayela angamashumi amathathu ukuphuma, umlando uyasitshela, ukuthi amaMede-o-Peresiya ayefanele angene kulolodonga ndawondawo, ngakho, babenezinto ezithile zesayense, futhi. Futhi isikhathi eside, babekade bemba umsele, futhi wawedlula umfula i-Ewufrathe; futhi ngalobobusuku obukhulu bephathi yomculo wokuzibinya, bedlula umfula, futhi bakhipha amanzi kuwo ngaphansi kwalapho, futhi bamasha phansi kwezindonga. Bamasha phansi kwezindonga. Kwase kwenzekani-ke na? Ngenkathi bonke besekulephathi enkulu, bedakiwe, futhi beyendezela futhi begingqika, futhi beqhubeka, onogada babebulewe esangweni ngayo leyonkathi. Futhi isizwe esingamesabi uNkulunkulu, isizwe esingenanhliziyo, sisibi njengeRashiya, sasimasha sidabula emzini ngalesosikhathi, nabaqaphi wabulawa esigodlweni. Futhi kwenzekani na? Ngaphansi kwehora, uBelshazari wabulawa, labo besifazane bathathwa bayiswa ezitaladini futhi badlwengulwa, nobuchopho babo baqhunyiswa ezindongeni. Nombuso wonke wabhubha ngalobobusuku. O, babecabanga ukuthi babephephile.

90 Sinakho, nathi. Sicabange ukuthi besinemicibisholo ejikijelwayo edlula yonke nezinto ezweni. Kodwa ngenkathi sisathengisa amarekhodi, futhi sinamabhokisi okudlala umculo, nomculo wokuzibinya, nabafo besikhathi esikhulu njengoba sinjalo, iRashiya ibeke isputniki esibhakabhakeni. Isandla esilobayo sisodongeni. Senzani isizwe na? Bazama ukwenza umcibisholo ojikijelwayo. Banawo owodwa, waphelelwa amandla emafidini amathathu usuka phansi emhlabeni ngolunye usuku. Senzani na?

91 Nonke niyezwa ukuthi uBilly Graham utheni ebusukwini obumbalwa obedlule na? Uthe, "Noma yiliphi ihora amaRashiya alifisayo, siyoba yisathelayithi yawo." Manje, uzoba yini umculo wokuzibinya na? Kuzokwenzekani na?

92 Bangafaka indoda kwisputniki; siyiminyaka emihlanu

emva kwabo. Lokho akuxakile kini, iphepha lenu lisho njalo, abahlaziyi benu bezindaba; sisemuva kwabo ngeminyaka emihlanu. Babeka isputniki ezibhakabhakeni, nenja kuso, futhi bayigibeza yazungeza yazungeza umhlaba. Uma bengafaka inja kuso bese beyigibeza izungeze umhlaba, bangafaka umuntu kuzo, futhi bame amamayela angamakhulu amahlanu besukile emhlabeni, lapho esasingeke sabathinta ngalutho, futhi bahlose izisulu zabo phansi ngalamabhomu ehayidrojini nemicibisholo ejikijelwayo, bathi, "Zinikeleni, noma kuzokwenzekani."

93 Besiyokwenzenjani na? Bekuyokwenzekani na? Ngani, ukuba nengqondo, besiyozinikela. Uma kungenjalo, niyongena esigejaneni sempuqumpuqu, esikhashanyaneni. Iziputniki, zimise, ukuzame, ungeke wakwenza. Umusa kaNkulunkulu, kungenjalo kuzokwenzeka ngaphambi kokusa. Bangakwenza noma ngasiphi isikhathi abafuna ukukwenza ngaso. Asinalutho lokubamisa. Sisemuva kwabo ngeminyaka emihlanu, ngokwazi kwethu, kungahle kube le, amashumi amabili-nanhlanu emva kwabo, kwezimfihlo zabo.

94 Khona-ke kuzokwenzekani kulephathi yomculo wokuzibinya na? Uma sizinikela, umthwalo wendiza emva komthwalo wendiza, umthwalo womkhumbi emva komthwalo womkhumbi, wanonya, angenanhliziyo, amasosha amaRashiya anobuqaba azomasha ayongena kulezi zitaladi. Abeyodlwengula abesifazane bakithi, abeyobahhundula, abeyobadlwengula, abeyobabulala esitaladini. Ayoqhumisa ikhanda labantwana. Ayokuxosha uphume endlini. Kunjalo. Emandleni awo ngqo ukuba akwenze. Amadoda ayizigidi ezingamashumi amabili nanhlanu ehlomile. Anendaba ngani ngawe na? Uma ethola ikhaya . . . Wena . . . Ikhaya lakho, abeyolifuna, abeyokukhahlela akukhiphe futhi enze akufunayo. Kungokwawo. Si—siyisethalayithi nje kuwo, futhi angakwenza. Nesizwe sakithi simi "sonke siqhaqhazela."

95 Kodwa ibandla life kakhulu esonweni, alazi lutho ngakho. Impela. Alinakho okobumoya ukuqonda lezizinto. Lifile esonweni naseziphambukweni, noNkulunkulu ulinika ukuqhaqhazela kwalo, nesixwayiso salo; futhi bayalixosha.

96 Niyazi ukuthi ngathini na? "Lokho kungaba ngaphambi kweSonto ekuseni, lamadolobha angagcwala amasosha aseRashiya, futhi enza izinto azenza khona lapho esigodlweni, naseBabiloni." Futhi bekungeke kuphambane nomBhalo, bekuyogcwalisa umBhalo. Kunjalo. Amasosha aseRashiya, angenanhliziyo, anonya.

97 Khona-ke uyocabanga ngobandayo wakho, ogcina umthetho ngamehlo nje, uhlala ekhaya ebusuku futhi ubukela u*We Who Love Susie,* ubukela lonke lolohlobo lwezinto zobuthutha, futhi ubeka ithemba lakho kwabanye onondindwa phandle lapho, oshade kane noma kahlanu, namadoda ebanjwe nabesifazane

abangamakhaladi, nakho konke okunye, ehlala emahhotela abahamba ngezimoto. Futhi nibenza izithixo zenu, futhi niyabavula kwithelevishini yenu, futhi nidedele abantwana benu abancane bababone.

98 Futhi nigijimela emabhareni, futhi niye esontweni, futhi ucabange ukuthi ungumuntu othize. Ulinganisiwe esilinganisweni futhi wafunyanwa ulula. UNkulunkulu udinga umuntu ukuba afe kuye uqobo, futhi azalwe ngokusha, ngoMoya oNgcwele.

99 Manje, kwenzani okungaphezu kwemvelo na? Manje niyaqonda na? Ningabona ukuthi kungani inkonzo ilwa, ngayo yonke inhliziyo yabo, kulelihora lokugcina na? Kuyinto enzima. Niyabona lapho nilenga khona na? Ekuseni kungahle kuphele. Lelo yiqiniso.

100 Kodwa, ake ngininike isikhuthazo esincane. Bangaki abebengaphakamisa isandla sabo futhi basho lokhu, "Mfowethu Branham, ngiyabona lapho lokho bekungaba yiqiniso"? Ake sikubone uphakamisa isandla sakho. Manje, ake ngikutshele okuthize futhi uhleke. Uma lokho kusondele kangako, nebandla liya ekhaya ngaphambi kokuba lokho kwenzeke, kusondele kangakanani-ke ukufika kukaKristu na? Udumo kuNkulunkulu, futhi malidunyiswe iGama laKhe elibusisiweyo! Gcwaliswani ngoMoya waKhe, izibani zenu zilungisiwe zahlanzwa, bhekani phezulu, ukuhlengwa kwenu kuyasondela. Yenzani isinqumo senu sokumela uKristu.

101 Ngifisa sengathi ngabe benginamagama asetshenziswa ekukhulumeni. Ngifisa sengathi ngabe benginemfundo. Ngifisa sengathi ngabe bengilungele futhi ngahlonyiswa, njengoba umfundisi efanele, ukukwenza nikubone; kodwa ngiyaxolisa ngokungazi kwami.

102 Kodwa bhekisisani kuphela ukuthi izibonakaliso zokungaphezu kwemvelo ukuthi uNkulunkulu uyasivumela sifunde eZwini laKhe futhi simemezele phambi kwenu: isandla esilobayo sisodongeni. Kwakusodongeni ngaleyonkathi, kusesibhakabhakeni manje. Wathi, "Ngizokhombisa izinto ezesabekayo, ngaphambi nje kwesikhathi sokuphela, esibhakabhakeni; nasemhlabeni; ukubhonga kolwandle, amagagasi amakhulu abangwa ukuzamazama okungakaze kuzwiwe ngawo, ngaphambili, emhlabeni; izinto ezesabekayo, izinhliziyo zamadoda zehluleka, ukwesaba; ukudideka kwesikhathi, usizi phakathi kwezizwe; akukho neyodwa into esele." NeVangeli lishunyayelwa, noKristu ebonakaliswa phambi kwebandla laKhe, nebandla lihlezi lifile futhi libanda njengoba belingaba njalo.

103 Alishongo yini iBhayibheli ukuthi ibandla liyoba njalo na? Alishongo yini iBhayibheli ukuthi bayoba sivivi kulonyaka na? ILawodikeya, unyaka wePentecostal na? Unyaka

wamaLuthela na? Unyaka kaWesley na? Futhi manje unyaka wePentecostal na? Babeba sivivi, bangashisi bangabandi. Wathi, "Ngiyakubahlanza baphume emlonyeni wami. Kodwa ungesabi mhlambi omncane, kuyintando enhle kaYihlo ukuninika umbuso." Ususondele.

104 Ngiyazi ukuthi kuyinto embi kabi ukuyilalela, kodwa ungaqoka . . . kungcono ukulalele manje, kunokulinda kuze kube leyithi kakhulu. Lalelani, besilisa nabesifazane, ngifuna ukubeka lokhu phambi kwenu. Kungesikho ukuthatha isikhathi senu esiningi kakhulu; ngizocosha lokhu kusasa ebusuku, lapho. Kwakukhona umvangeli owawela umhlaba kungekudala . . .

105 Futhi ngifuna nikugcine lokhu engqondweni yenu: isandla esilobayo silapha, sisesibhakabhakeni, izibonakaliso ezulwini, izinto ezesabekayo emhlabeni, isibonakaliso sokufika kweNkosi, UJesu ebonakala ngezinsuku zokugcina enza into efanayo Ayenza emuva lapho. Akakaze, kusukela osukwini, selokhu Ahamba, Ake wakwenza, ngaphambili. Buza noma yimuphi usomlando, funda noma iyiphi incwadi ofuna ukuyifunda; neze, neze, akakaze enze *lokhu*.

106 Futhi lenzani ibandla na? Likubeka uphawu. Ini? "Ubuhlanya, abakholwa okuphambene nokukholwa okuyikho, ukufunda ingqondo, uBelzabule, isangoma esiphucukile." Kungcono uthathe isexwayiso. Okungaphezu kwemvelo kuyenziwa, isandla esilobayo sisodongeni, umkhosi ususondele.

107 Wenzani na? Nje unyathela uya emuva naphambili ebhareni, nangakhona kwenye indawo, nasezansi ephathini yomculo wokuzibinya, nangale ebandleni elincane eligcina umthetho ngamehlo; futhi uzwe umelusi eshumayela ngento ethize. O, ukitaza indlebe yakho, impela, impela, into ethize nje; ngoba yithikithi lokudla.

108 Anizange ningiqashe ukuba ngize lapha, beningeke ningixoshe, ngoba ngiqashwe nguNkulunkulu. Kunjalo. Akukho-mbhishobhi, noma akukho-mbhishobhi omkhulu, noma akukho-bandla elingitshela ukuthi ngishumayele ini; ngilalela uNkulunkulu, nginoMlayezo waKhe, yilokho kuphela. Angiyithathi imali yenu, angizelanga imali yenu, angifuni lutho lwayo.

109 Ngiza ukunexwayisa, eGameni likaKristu, lungelani, ihora seliseduze, futhi kungaba ngaphambi kokusa: ukuphela konyaka webandla. Angisho ukuthi kuzoba njalo, kodwa bekungaba njalo. Ngikhomba kuphela imiBhalo namaqiniso. Yileyonto *eyodwa* kuphela ukukhomba kuyo. Kuthiwani ngokubuya kwamaJuda, nazo zonke lezi ezinye izinto na? Konke okwakho sekuseduze.

110 Kodwa wena uthi, "Awu, manje, awume kancane, uma omunye umbhishobhi ubeyongitshela lokho." Ababhishobhi abakwazi ukufunda okungaphezu kwemvelo izikhathi eziningi.

UNkulunkulu uthatha izinto eziwubuwula zezwe ukudida izazi. Kwakungesuye uKayafase owedlula esangweni elithiwa eLihle owaphulukisa indoda ekhubazekile, kodwa kwakunguPetru, ongazi lutho nongafundile; kodwa babazi ukuthi wayekade enoJesu. Impela, lapho unoJesu futhi ungowaKhe, imisebenzi uJesu ayenzayo, uyoyenza, nawe. Washo njalo.

111 Manje-ke wenzani ngakho, mngane na? Uzokwenzenjani kulobubusuku na? Uma wazi ukuthi ususondele kangako . . . O, niyabo, nikuzwile kushunyayelwa izikhathi eziningi kakhulu, nize nicabange, "O awu, ngikuzwile lokho ngaphambili."

112 Kodwa uzokuzwa okokugcina kwakho, ngesinye isikhathi. Kanjalo noDaniyeli wayekushumayelile eBabiloni, ngaphambili, kodwa ekugcineni kwenzeka. Futhi kwakubukeka kusondele kakhulu, ungathathi ishansi, ngokuba lapho oweZizwe wokugcina esengeniswa emzimbeni kaKristu, akusayikubakho ndawo.

113 Ngeke yini wenze ukuMmela na? Awuzibizi ngani ngesosha na? Awuzivumi ngani izono zakho na? Wena uthi, "Mfowethu Branham, ngingoweMethodisti, iBa- . . . " Angikhathali ukuthi ungowaliphi ibandla. Ngiyanicela ukuba nemukele uKristu njenge—njenge . . . uMuntu kaKristu, onguMoya oNgcwele kini, lokho kuguqula sonke isimo sakho sokuziphatha, kuguqula ubuwena. Uma ungenakho *lokho*, uzolugeja uhlwitho, uzoba lapha ukuHlupheka.

114 UDaniel Green wayengumfundisi omkhulu, cishe eminyakeni engamashumi amahlanu noma engamashumi ayisikhombisa nanhlanu edlule, ezweni lasentshonalanga; futhi washumayela ndawo zonke. Futhi ngobunye ubusuku wayenephupho. Futhi kuleliphupho wayecabanga ukuthi wafa, futhi wadabula emkhathini, futhi wenyukela emasangweni aseZulwini. Futhi wangqongqotha emnyango, nomlindi weza emnyango, wayesethi, "Ungubani wena na?"

115 Wathi, "NginguDaniel Green, umvangeli." Wathi, "Ngishumayele iVangeli kuyo yonke i-United States. Ngibone amakhulu abesilisa nabesifazane beza eNkosini uJesu."

Wathi, "Ake ngibone, Mnu. Green." Wathi, "Akukho lutho encwadini, lapha, okugama lingu 'Daniel Green.'"

"O," wathi, "impela igama lami lilapho."

"Qhabo, akukho lutho lapha."

"O," wathi, "Ukudumala okunje pho." Wathi, "Ngizakwenzenjani na?"

Wathi, "Ngingakukhomba kuphela entweni eyodwa, lokho ngukwaHlulela kwesiHlalo sobukhosi esiMhlophe."

"Awu," wathi, "Anginakho ukukhetha. Ngizofanele ngikuthathe." Mfowethu, awufuni neze ukuma kuleyondawo.

116 Ngakho, wathi wadabula emkhathini isikhathi eside, emva kwesikhashana uqala ukunensa. Kuqala ukukhanya, kukhanya kakhulu, kukhanya kakhulu, kukhanya kakhulu, waze wafika ngqo maphakathi nokuKhanya okukhulu. Waqalaza, kwakungekho muntu ngakuye. Futhi wacabanga, "O, indawo enje pho."

Futhi wezwa iPhimbo lithi, "Ungubani wena na?"

117 Futhi wathi, "NginguDaniel Green. Ngingumvangeli. Ngishumayelile futhi ngishumayelile, futhi behlulekile ukuthola igama lami erekhodini, esangweni, futhi bangidlulisele esihlalweni saKho sokwahlulela."

118 "Kulungile, Daniel Green," kwasho iPhimbo, ephusheni lendoda, Wathi, "Nginomthetho lapha, futhi uyasho, ukuthi, 'inkokhelo yesono ingukufa.' Futhi uma wephula emincinyane yemiyalo yami, akukho okusalele wena, kodwa ukulahlwa." Wathi, "Daniel Green, wake waqamba amanga na?" Wathi, "Bengicabanga ukuthi bengineqiniso, ngaze ngaba seBukhoneni balokho kuKhanya."

119 Futhi uyocabanga okufanayo, ngoba ungofayo, futhi uyacabanga, "Awu, ngingumfo okahle kakhulu." Kodwa uma uke wama eBukhoneni balokho kuKhanya, uzothola, uyisoni.

120 Wathi, "Bengicabanga ukuthi bengineqiniso, kodwa ngathola ukuthi kwakukade kuneziningi, izinto eziningi engangingathembekile nje ngempela ngazo." Wathi, "Yebo, Nkosi, ngiqambe amanga."

Wathi, "Daniel Green, wake weba na?"

121 Wathi, "O, bengicabanga ukuthi angikaze ngebe lutho." Kodwa wathi, "EBukhoneni balokho kuKhanya, kunenqwaba yezinto ezincane, ezinethunzi engangizenzile, ezazime kakhulu. Futhi ngangazi ukuthi nganginga kwazi ukusho lutho kodwa iqiniso ngaleyonkathi." Wathi, "Yebo, Nkosi, nge—ngebile." Futhi wathi wayelindele ukuzwa lokho kubhonga okukhulu okuvela kulokho kuKhanya, ndawondawo, kuthi, "Suka eBukhoneni baMi, wena muntu omubi."

122 Futhi wathi, khona-ke wezwa isandla ehlombe lakhe. Wathi, ngenkathi ephenduka ukuba abuke, kwakungubuso obuhle kunabo bonke ake abubona, kwakungekho buso bukamama ukuthatha indawo yaBo. Futhi wathi Wambuka, wase enyelelelisa ingalo yaKhe emahlombe akhe. Futhi kwakunguJesu, futhi Wathi, "Baba, lelo yiqiniso. UDaniel Green, emhlabeni, wenze izinto eziningi ezazizimbi. Kodwa Baba, esesemhlabeni, phakathi kokugxekwa, phakathi kwenkathazo, waNgimela; futhi manje, eselapha, engenakuzisiza, Ngizommela. Beka zonke izono zakhe ecaleni laMi."

123 Nkulunkulu yiba nomusa. Lowo makube nguWilliam Branham ngalolosuku. Ngifuna zonke izinkathazo zami . . . Ngifuna ukuMmela khona manje. Ngifuna ukwenza yonke into, akunandaba ukuthi ngibizwa kangakanani ngomgingqiki ongcwele, noma—noma inyanga-mthakathi, noma kungahle kube yini, noma ukufunda ingqondo, noma a—angikhathali ukuthi benzani. Ngiyalazi iQiniso likaNkulunkulu, ngiyawazi uMoya waKhe, neQiniso laKhe liyafakaza. Futhi ngizomela uJesu Kristu, ngiMbheka, ngalolosuku, ukuba angimele. Asikhothamise amakhanda ethu.

124 Kukhona isputniki esibhakabhakeni, kukhona umbhalo wesandla odongeni, kukhona iphathi yomculo wokuzibinya esizweni, izinto ezesabekayo zenzeka; abantu abazi ukuthi bazokwenzenjani. Kukhona uMoya obizela umkhunjini wokuphepha, ngokuprofetha, nokungaphezu kwemvelo. Nezwe lihlekisa ngakho.

"O, asiwudingi uMoya oNgcwele ngalezizinsuku. Udinga nje ukuba yilunga lebandla elihle, thembeka ube qotho." Yileso isicelo, bayasho.

Kodwa uJesu wathi, "Uma umuntu engazalwa ngamanzi nangoMoya, angengene."

Ngifuna ukunibuza okuthize, lunga lebandla. Kuqala, asikhuleke.

125 Nkulunkulu othandekayo, ngobunye balobubusuku, ngizoba nomlayezo wami wokugcina, ngizovala leliBhayibheli elidala okokugcina, nebandla lizokwenza umkhuleko walo wokugcina. Futhi kungazelelwe kuyobakhona ukumemeza okuvela eZulwini. Ubabayi uzovuka ngokunye ukusa, futhi abheke unkosikazi, futhi uyobe engasekho; uyogijimela embhedeni wengane, nengane ayisekho; uyoshayela ucingo umelusi, umelusi akasekho. O Nkosi, amarekhode abo amancane namaphathi amancane ayobalelwa kuphi ngaleyonkathi na? Kuzoba yini konke ukulingisa kwabo na? Kuzosho ukuthini konke ukuya kwabo esontweni ngaleyonkathi na? Nakancane, ngeke kubalelwe kwilutho.

126 Nkulunkulu, Wenze ngisho okuthize, kulesisakhiwo, Ongakaze ukwenze ebukhoneni bami ngaphambili, futhi uma kuke, noma ngasiphi isikhathi e, kusukela ezinsukwini zabaphostoli, angikaze ngifunde ngakho noma ngizwe ngakho. Kuyini na? Lelidolobha eligongobele nelibandayo, lababantu abanganaki onenqwaba yomsebenzi, unemali eningi: kukhona okubophezelekile ukuba kwenzeke.

127 O Nkulunkulu oPhakade, nyakazisa abesilisa, kulobubusuku, nabesifazane, ngaphambi kokuba ukwahlulela kubanyakazise. Kwangathi bangeza esihawini, futhi benze ukumela iNdodana yaKho, uJesu, esikhundleni sokuma phandle lapho, ngobulunga obuthize, noma ukumela abanye, into ethize

engalungile. Siphe khona, Nkosi. Yiba nomusa, Nkosi, kanye futhi.

128 Kusukela emva kwalokhu kuqhubeke, Nkosi, ngizakukhulekela abagulayo nje kulelidolobha, ngivale iNcwadi, futhi ngihambe. Kodwa, kulobubusuku, ngakho konke engikwaziyo ukuthi kanjani, ngizamile ukwexwayisa abantu. Siphe, Nkosi, ukuthi uMoya waKho manje uzokwengamela futhi wenze sonke isexwayiso, ngoJesu Kristu.

129 Amakhanda ethu ekhotheme, umzuzwana nje. Ngikhuluma esonini naselungeni lebandla. Ukuba-ke bekuxwayisiwe, kulobubusuku, emisakazweni yenu, ukuthi lesisizwe sizinikele eRashiya na? Abakwazanga ukuzibamba. Noma kuthiwani uma bethi, "Qhabo." Khona-ke, khona manjalo kuzoba nomoya ohelezayo, hhayi njengoba wezwa ngobunye ubusuku, futhi kuzoba . . . kodwa kuzoba sekuqhumeni kwehayidrojini; nesizwe sonke sizocwila sibe yimpuqumpuqu. LowomKristu ogcwaliswe ngoMoya angeke abe lapha. Qhabo, qhabo. Uzobe esehambile imizuzu embalwa ngaphambi kwalokho. Kodwa kuthiwani uma bedingeka bazinikele kubo na? Khumbulani, lapho lokho kwenzeka, ungamemeza kakhulu futhi ukhale futhi wenze konke ofuna ukukwenza, isikhathi sesedlule kakhulu ngaleyonkathi. Wedelele umusa, kuphela ukwahlulela okusele.

130 Impela, uBelshazari wayeyophenduka. Labo besifazane babeyogijimela ekhaya kubantwana babo. Babeyozishiya zonke lezozimfundiso ezindala ababenazo, futhi bamkholwa uNkulunkulu kaDaniyeli. Kodwa ba . . . Isikhathi sesihambile kakhulu.

131 Kungahle kube leyithi kakhulu kuwe ngaphambi kokusa. Kungahle kube leyithi kakhulu kuwe ngaphambi kokuba uhambe esakhiweni, ungahle uhambe ngokuhlaselwa yinhliziyo. Ungahle ubulawe engozini ngaphambi kokuba ufike ekhaya, uma iNkosi ingabonakali. Uthini ngalowomphefumulo wakho, mngane na? Uyaqonda ukuthi akukho-nto lapha esele emhlabeni, isizwe siyikhekheba lezinyosi ngobukhomanisi, umhlaba yonke indawo awusekho, zonke izizwe zidilikile na? Ngani na? Kuza uMbuso waPhakade, wonke ofayo uwunikeza indlela. Akukho-nto esingayenza ngakho. Konke okungazanyazanyiswa kuzanyazanyisiwe. Kodwa sinoMbuso esinethula kuwo, ongenakunyakaziswa; uMbusi neNkosi nguKristu.

132 Ngabe inhliziyo yakho ikahle naYe kulobubusuku na? UbungaMmela kulobubusuku, ukuthi Ubengakumela ngalolosuku na? Uma ufuna ukuMemukela ekugcwaleni koMoya waKhe, ngizokucela ukuba uphakamise isandla sakho, nisa . . .

133 Lonke, ibandla langempela, eligcwaliswe ngoMoya, lihlala eduze noNkulunkulu, nezithelo zikaMoya ziyakulandela,

zifakaza: yonke imikhuba yakho yezwe isihambile; bonke ubutha bakho; wonke umbango wakho; lonke ulaka lwakho; konke okwakho sekwedlule kuwe; ukholwa lonke iZwi likaNkulunkulu; ukholwa yikho konke iBhayibheli elikushoyo; uKristu mnandi kuwe; uhamba naYe nsuku zonke.

134 Uma ungenjalo, leli kungaba yithuba lakho lokugcina. Isandla esilobayo sisesibhakabhakeni, lapho uKristu athi siyobakhona, nokungaphezu kwemvelo kwenziwa lapha esigodlweni sikaBelshazari, lapho umculo wokuzibinya uqhubeka khona.

135 O, impela, babenabashumayeli, babenazo zonke izinhlobo zenkolo. Ngabe ulungisene noNkulunkulu na? Uma ungenjalo, namakhanda enu ekhotheme, ungasiphakamisa isandla sakho umzuzwana nje, uthi, "Mfowethu Branham, ngikhumbule emkhulekweni njengamanje, mina manje . . . "? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Wena, wena, le emuva, yebo. UNkulunkulu akubusise ngakwesokudla, lokho ngukuba qotho. Omunye phakamisa isandla sakho manje. UNkulunkulu akubusise. Omunye umuntu. UNkulunkulu akubusise. Kunjalo. Wena. Lokho yi . . . Thembeka.

136 Ake sibuke lokhu kahle impela ukuthi kuyini, mngane. Angifundi kwi almanaki ethize. Nginifundela iZwi likaNkulunkulu. Lokho bekungebe lutho olunye kodwa uMoya oNgcwele, lapha, njalo ebusuku enza into efanayo uJesu ayenza ngenkathi Elapha emhlabeni. Ngeke kwaba ngaphezu kwezwe lezenkolo likwenqaba manje, njengoba nje benza ezinsukwini zikaNowa, njengoba benza eNkosini uJesu, njengoba benza kuLoti eSodoma, njengoba benza kuMose eGibhithe, njengoba benakho kuyo yonke imigamanxo; futhi silapha.

137 Ungathathi ishansi kukho. Uma ungazelwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, phakamisa isandla sakho, uthi, "Nkosi, yiba nomusa kimi, ngifuna ukuba njalo." UNkulunkulu akubusise, wena. Omunye ongasiphakamisanga isandla sabo, manje. UNkulunkulu akubusise, nawe, nawe, nenekazi, yebo, kunjalo. Wena, emuva lapho.

138 Mngane, uyazi ukuthi kwenzekeni lapha. Uyibonile leyontombazanyana, izolo ebusuku, nomlenze owodwa othi awube ngama intshi amane kuya kwayisithupha umfishane kunomunye, iNkosi iphulukisile, futhi wakhushulelwa lapha. Nimbonile lowomntwana omncane ezongolozelwe kulezozinsimbi phezu kwezinqulu zakhe ezincane, wahamba waya ngqo emsamo qobo lwakhe, nabona lowomfana omncane oyisithulu, nazo zonke lezo ezinye izinto zenzeka. Niwubonile uMoya oNgcwele wehla, ungena, udabula ezethamelini, futhi usho izimfihlo zezinhliziyo, ngayo impela nje indlela uJesu enza ngayo, futhi khona impela Athi kuyokwenzeka ngaphambi

kokufika kwaKhe. Wawulapha, ngalobobusuku, abaningi benu: ake sizwe lowomsindo, obonakalayo, ozwakalayo, njengoba benza ngosuku lwePhentekoste, wehlela lapha, waKubona, waKuzwa kuhamba endlini, bhekisisani imisebenzi yaKho, enza into efanayo Ayenza ngenkathi Efika ngesinye isikhathi.

Futhi lapha sihlezi kweyisitashi, ebandayo, indawo enganaki.

139 Kuthiwani ngakho na? Kukuwe manje. Uma ungamemukeli uKristu kulobubusuku, igazi lakho alikho ezandleni zami, nginikela kuwe Kristu. Nina, enifuna ukuMemukela, angazi noma ningethembile yini njengenceku kaNkulunkulu. Uma uNkulunkulu ezozwa umkhuleko wami ukuba avule amehlo ezimpumputhe, ukwenza izibonakaliso nezimanga nezimangaliso, futhi ubone imibono, futhi asize abampofu nabadingayo babagulayo nabahluphekile, impela, Ubeyowuzwa umkhuleko wami ngomphefumulo wakho. Impela, Ubeyowuzwa.

140 Uma uqotho futhi ufuna ngikukhulekele, ngifuna wena ophakamise isandla sakho, nawe ongasiphakamisanga isandla sakho (futhi wazi ukuthi ufanele), yenyukela lapha, ume khona lapha, ake ngikukhulekele. Ngifuna ukukuxhawula, futhi ngime lapha, futhi ngibeke izandla phezu kwakho, ngikukhulekele. Woza, manje. Ungekwenze na? Omunye asukume ngqo, bese wehlela khona lapha, ngiyakunikela. Ngilindile.

> Njengoba nginjalo nje, ngaphandle kokunxusa okukodwa,

UNkulunkulu akubusise, nenekazi . . .?. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

141 Manje, enhliziyweni yakho, ngamunye wenu, ngendlela yakho uqobo okhuleka ngayo ebandleni lakho. Futhi uma ungenalo ibandla, awukaze ube sebandleni ngaphambili, ngifuna nje ukhulume sengathi ubukhuluma nendoda, sengathi ubuza kuYe ngento ethize, bese-ke uhamba uyoMbonga. Uthi, "Ngi—ngiyaKubonga, Nkosi. Inhliziyo yami ibibanda futhi il'khuni, kodwa into ethize ingishayile. Manje, angizi lapha ngenxa yokwesaba. Ngiza lapha ngoba ngiyaKuthanda, futhi ngifuna ukuba naWe kuze kube phakade, futhi ngi . . . Into ethize yangixwayisa enhliziyweni yami." ("Akekho ongeza, uma uBaba waMi engamdonsi.") "Futhi ngizwe uhlobo oluthile lwamandla adonsayo engitshela ukuthi bengifanele ngenyukele lapho kulobubusuku. Futhi ngifikile, manje, ukwemukela lokho Ozonginika khona lapha kuleli-altare. Uma Uthumela uMoya oNgcwele phezu kwami, angizukubheka noma yiluphi uhlobo oluthile lobufakazi obubonakalayo, noma yini. NgizoKwemukela nje ngendlela OKuthumela ngayo kimi, yileyondlela engizoKwemukela ngayo. Noma yini Ofuna ngiyenze, ngizoyenza. Ngiyinceku yaKho. Ngimi

lapha manje, ngifuna ukwenza ukuqala kwami, kusukela khona kulobubusuku, kuqhubeke. Sengiqedile ngesono, sengiqedile ngokungakholwa. Futhi ngizongena ezikhundleni zabantwana bakaNkulunkulu, futhi ngiMkhonze inqobo nje uma ngisaphila."

Manje, yisho lokho enhliziyweni yakho, sisakhuleka.

142 Manje, Nkosi, ngiyazi ukuthi A—Awuzwa kanzima, ukuthi ngizodingeka ngikhuleke kakhulu ngempela, noma yimuphi wethu akhuleke kakhulu ngempela. Nakuba, izikhathi eziningi, abantu bayakhuleka kakhulu ngempela, izinhliziyo zabo ziyaphuphuma, noma inhliziyo yabo idabukile, futhi bazwakalisa umuzwa wabo ngamadlingozi abo. Kodwa Baba, asiceli noma iyiphi indlela ethize. Kodwa ngicela Wena nje ukuba uthathe lababantu njengoba nje bezile, futhi makuthi lowoMoya oshanele wehla wanqamula kulesisivimbelo esincane esifanayo ngobunye ubusuku, kwangathi ungathinta wonke umuntu omi lapha manje, eBukhoneni bobuNkulunkulu. Kwangathi konke ukungabaza kungahlehliswa, futhi kwangathi uMoya oNgcwele ungathatha isikhundla saWo nendawo yaWo enhliziyweni ngayinye. Kwangathi lezizoni nalamalunga ebandla, ongakaze abe nesehlakalo sokwazi ukuthi kusho ukuthini ukwedlula ekufeni ungene ekuphileni, wedlule ezintweni zezwe ungene kulendawo engcwele enkulu ukuba uhlale noNkulunkulu. Kwangathi bangakwemukela, njengamanje. Kwangathi uMoya oNgcwele ungafika ngamandla amakhulu, futhi uvuselele izimpilo zabo, futhi ubanike umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.

143 Nkosi, gcoba abefundisi baKho. Kwangathi amandla kaMoya oNgcwele angangena kuwo onke amalunga elimi ngakulawa amanye manje, futhi kwangathi kungabakhona okukhulu, ukulahlwa icala okunamandla ukuthi ukuphela sekuseduze; khona-ke, ukuthi sifanele sisebenze ndawonye enhlanganyelweni yombuso kaNkulunkulu. Siphe khona. Kwangathi yonke inkoloze, konke ukungabaza, kungasuka kulababantu; futhi kwangathi bona, bonke phakathi lapha, wonke omi lapha, bavuzwe ngokuza kwabo e-altare. Siphe khona, Nkosi.

144 Njengoba lezizinceku zaKho, kokubili abesilisa nabesifazane, bebeka izandla phezu kwalababantwana abazisolayo, O Nkulunkulu, makuthi uMoya oNgcwele owabasindisa, uze ngemizimba yabo kulababantu, futhi kwangathi bangasindiswa phezu kokuvuma kwabo manje, futhi bagcwaliswe ngoMoya kaNkulunkulu. NgiyaKubonga ngakho, Baba. Wathi kuyoba njalo, "Oyoza kiMi Angisoze ngamxosha." Manje-ke, uma UKushilo, Kuyiqiniso. Futhi khona manje ngiyakholwa ukuthi uMoya oNgcwele usindisa wonke umuntu ophakathi lapha, ubanika isehlakalo ukuthi iNkosi uJesu enhle, esimweni sikaMoya oNgcwele, uthatha leyomiphefumulo isuke

ekufeni iye ekuphileni, futhi ubanika okoMoya waKho uQobo, ukuba baphile ngawo kusukela kulobubusuku, kuqhubeke. NgiyaKudumisa ngakho, Nkosi, ngokuba ngiyakholwa ukuthi Uyakwenza khona manje.

145 Manje, kini namakhanda enu ekhotheme, enime kuleli-altare, enihambe nisuka esihlalweni senu, uJesu wathi, "Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade." Lunye kuphela uhlobo lokuPhila okuPhakade, noma ubani uyakwazi lokho, uhlobo olulodwa kuphela lokuPhila okuPhakade, nalolo nguMoya oNgcwele. Uma unokuPhila okuPhakade, ungeke wafa, ngoba uPhakade njengoMoya okuwe, uPhakade. Ngakho, "Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, uno (khona manje, inkathi yamanje) kuPhila okuPhakade, futhi akasoze aya ekwahlulelweni; kodwa usevele wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni."

146 Wena omi uzungeze i-altare lapha, owenyukele lapha emizuzwaneni embalwa edlule, owemukela lokho, futhi ukholwe ukuthi uzwile ebuntwini bakho ukuguqulwa isimo kukaMoya oNgcwele ukuvumela wedlule ekufeni uye ekuphileni, phakamisa isandla sakho. Kunjalo. UNkulunkulu akubusise. Bonke bephakamise izandla zabo. O, he.

147 Angazi ukuthi nizizwa ninjani, kodwa ngizizwa ngimangalisa. Into ebusiswe kanje pho. Bangane, ngineqiniso ukuthi U . . . Yilokhu-ke. Yilokho izimvuselelo ezibanjelwa khona. Kunabantu ababezofa futhi balahleke emizuzwini eyishumi edlule; basindisiwe manje futhi basendleleni yabo ebheke eNkazimulweni. Siyibonga kanjani iNkosi uJesu ngokulunga kwaYo.

148 Manje, ngenxa yoBukhona lapha, ningasuki emsa- . . . endawaneni manje. Ngifuna udade asinike i—ishuni ye-ogani, "Libusisiwe igoda elibopha izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu."

149 Manje ngifuna nina befundisi ukuba nizisonge phakathi kwalababantu, futhi nixhawulane nabo. Uma besemphakathini wakini, beze ebandleni lenu, banikeze umnikelo ebandleni lenu, bangabantwana bakaNkulunkulu.

Sonke kanyekanye, kuso sonke isakhiwo manje. Kulungile.

Libusisiwe igoda . . .

Manje xhawulanani, ngenani khona phakathi lapha manje.

Izinhliziyo zethu . . .

Kunjalo, befundisi, ngenani khona lapha manje, futhi nixhawulane nalababantu.

Inhlanganyelo yemiqondo efanayo
Injengalokho ngaPhezulu.

Phambi kwesiHlalo sobukhosi sikaBaba wethu,
Sithulula umkhuleko wethu ovuthayo;
Ukwesaba kwethu, amathemba ethu, inhloso yethu yinye,

Kunjalo, xhawulanani nje manje, nonke ndawonye.

. . . futhi umnako wethu.

Lapho sehlukana ingxenye,

150 Ompofu, owesifazane okhubazekile omi lapha, uvayizelisa izandla zakhe kuNkulunkulu, usindisiwe. Siyibonga kanjani iNkosi ngalokho. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uzomphulukisa ngaphambi kokuba izinkonzo ziphele. O, kumangalisa kanjani. Akumangalisi lokhu na? Nonke nina abanye laphaya, sukumani nime ngezinyawo zenu manje, futhi niphenduke, nixhawulane manje, sisacula leliculo elidala elikhazimulayo ndawonye. Bonke abantu, onke amahlelo ehlukene, xhawulana nomunye, phambi kwakho, emva kwakho, kwesokudla nesokunxele.

Kulungile, sonke kanyekanye:

Libusisiwe igoda elibophayo,
Izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu;
I. . .

Nampa abefundisi phezulu lapha, bekhuluma kulababantu. Kunjalo, phenduka bese uxhawula, wonke umuntu.

. . . imiqondo efanayo
Injengalokho ngaPhezulu.
Phambi kwesiHlalo sobukhosi sikaBaba wethu,
Sithulula umkhuleko wethu ovuthayo; (Dokotela.)
Ukwesaba kwethu, amathemba ethu, izinhloso zethu kunye,
Izinduduzo zethu neminako yethu.

151 Lokho kuyamangalisa. Manje, wonke umuntu akaphenduke, ebuka *ngapha*. Wonke umuntu manje, bhekani *ngapha*. Phakamisani izandla zenu.

Siphe *Lapho Impi Isiphelile*.

Wonk'umuntu manje:

Lapho impi isiphelile, siyothwala umqhele!
Yebo, siyothwala umqhele! Yebo, siyothwala umqhele!
Futhi lapho impi isiphelile, siyothwala umqhele!
EJerusalema elisha.

Nonke nina oneduku, manje, likhipheni.

. . . umqhele, sithwale umqhele
Sithwale umqhele okhanyayo nokhazimulayo.

Kulungile, khuphuka nakho manje.

Futhi lapho impi isiphelile, siyothwala umqhele
EJerusalema elisha.

UJesu ufanele athwale isiphambano yedwa,
Futhi lonke izwe lihambe likhululeke na?
Qhabo, kunesiphambano sawo wonke umuntu,
Futhi kunesiphambano sami.

Kulungile, manje.

Futhi lapho impi isiphelile siyothwala umqhele!
Yebo, siyothwala umqhele! Yebo, siyothwala umqhele!
Futhi lapho impi isiphelile, siyothwala umqhele
EJerusalema elisha.

152 Ngifuna nonke . . . Ngabe ukhona lapha owaziyo ukuthi igama, igama lesiHeberu, *Haleluya* lisho ukuthini na? Likuzo zonke izilwimi emhlabeni, ngokufanayo. KumaLawu e-Afrika, kuzo zonke izilwimi, ku . . . ukuhunyushwa kuyafana. *Haleluya* kusho ukuthi "Akadunyiswe uNkulunkulu wethu." Manje, sonke asithi "Haleluya" kuNkulunkulu, "Haleluya!" Asikusho futhi, "Haleluya!" Futhi manje, futhi, "Haleluya!" Manje ngesiNgisi, "Akadunyiswe uNkulunkulu wethu." Amen. Manje, khothamisani amakhanda enu umzuzwana nje.

153 Siyabonga, Nkulunkulu, ngalokhu ukuvakashelwa. Kwangathi lemiphefumulo eyiqhawe ingaphila ngokuthula naWe inqobo nje uma ukuphila kusemzimbeni wayo, bese-ke iza ekhaya endlini yaKho. Siphe khona, Nkosi.

154 Manje, enkonzweni elandelayo, kusasa ebusuku, O Nkosi Nkulunkulu, hamba enkundleni, ugibele amagagasi omoya, wehle ngothingo lwenkosazana oluvundlile, ungene esondweni esondweni, uphendulele phakathi yonke inhliziyo, ungene edolobheni kusasa, Nkosi, futhi ukhiphe labo. Futhi yipha ukuthi ukuvalwa kwalemvuselelo, emva kokuba kade kunzima kakhulu, futhi Wenze izinto eziningi kakhulu, siphe ukuthi izovala ngenye yezinto ezinkulu kunazo zonke esake sazibona. Siphe khona, Baba.

155 Manje namakhanda ethu ekhotheme, ngizobuyisela inkonzo kuDkt. Vayle. Amakhadi omkhuleko azoba ligamenxe elesithupha kusasa ebusuku. UNkulunkulu anibusise. Dkt. Vayle.

58-0130 Isandla Esiloba Odongeni
EThe Hippodrome
EWaterloo, E-Iowa E-U.S.A.

ZULU

©2026 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org